# IZISEBENZI ZOMNYANGO WOKUTHELISA E-CAPE TOWN ZIBAMBE OBESOLWA NGOKUSHUSHUMBISA IZIDAKAMIZWA

**Pretoria, ngoLwesihlanu 12 kuNtulikazi, 2019 –** Izisebenzi zoMnyango wokuThelisa woPhiko lweziMali eziNgenayo eNingizimu Afrika (SARS) ezisebenzela esikhumulweni sezindiza i-Cape Town International Airport zibambe isidakamizwa esaziwa nge-heroin senani elilinganiselwa ku-R1 million emva kokulunywa indlebe ngazo.

Lesi sigameko saleli sonto senzeke ngenkathi izinja ezihogelayo zoMnyango wokuThelisa wakwa-SARS zivundulula into esampushana okutholakale ukuthi yizidakamizwa ezingu-3.254kg ezibizwa nge-heroin.

Izidakamizwa i-heroin bezithukuswe kahle ngaphakathi kwepotimende lomsolwa elenziwe ngesikhumba zingamaphakethe amathathu .

Ngenkathi kutholakala izidakamizwa umsolwa ubelibangisa ezweni elisenkabeni ye-Europe ngendiza ehamba ngqo esuka e-Cape Town.

Izisebenzi zoMnyango wokuThelisa zidlulisele izidakamizwa eMnyangweni wamaPhoyisa (SAPS) ukuze uqhubeke nophenyo. Amaphoyisa ambophile nomsolwa.

Abakwa-SARS ngokubambisana nezinhlaka zokuphoqelelwa komthetho bazoqhubeka nokwenza ngcono amandla okuthola nokuthatha izinyathelo ezifanele ngokushesha kulowo ophula imithetho yezwe.

Ukuze ubone imifanekiso, cofa lapha.